

**UMongameli  
uDieter F. Uchtdorf**  
UMeluleki Wesibili  
KubuMongameli BokuQala



# Ukukhomba Phakathi Nendawo

**K**ungekude nje, ngabuka isixuku sabantu sizijwayeza umdlalo womcibisholo Ngokubuka nje, kwabonakala ngokusobala kimi ukuba uma ufuna ngempela ukunqoba umcibisholo, kuthatha isikhathi eside kanye nokuzijwayeza.

Angicabangi ukuba ungathola udumo lokuba ngumzingeli oqavile ngokudubula udonga olungenalutho beseke udweba isigcibisholo eduzane nomcibisholo. Kumele ufunde indlela okuyona yokuthola isigcibisholo kanye nokuqondisa esweni lenkunzi.

## Ukudweba Izigcibisholo

Ukuqala ngokudubula bese udweba isigcibisholo emva kwalokho kungabukeka kungenamqondo, kepha ngezi-nye izikhathi thina sibonisa leyondlela ezimweni zempilo zethu.

Njengamalunga eBandla, sinomkhuba wokuzibandakanya nezinhlalelo zevangeli, izinkinga, kanye nezimfundiso lezo ezihehayo, ezibalulekile, noma ezijabulisa thina. Siyalingeka ngokuba sidwebe izigcibisholo kuzo, okusenza sikholwe ukuthi sikhomba phakathi kwevangeli.

Lokhu kulula ukukwenza.

Eminyakeni edlulile sithole ukweluleka okuhle kakhulu kanye nogqozi oluvela kubaprofethi bakaNkulunkulu. Futhi sithola indlela kanye nencazelo evela ezincwadini ezahlukahlukene, izincwadi eziphathwa ngezandla, kanye nezincwadi zeBandla ezikhombisayo. Singakwazi kalula

ukukhetha isahluko esithandwa yithi sevangeli, sidwebe iso lenkunzi kuso, sibe nesiqiniseko sokuthi silikhombile iphakathi levangeli.

## UMsindisi Uyachaza

Lena akuyona inkinga yezinsuku zethu. Emandulo, abaholi benkolo bachitha isikhathi esiningi behlela, beqhathanisa, futhi bephikisana ngokuthi kwimiyalelo engamakhulu kwakuyiphi eyayibaluleke kakhulu.

Ngolunye usuku isixuku sabafundi benkolo sazama ukufaka uMsindisi kwingxoxo ababenayo. Bamcela ukuba akale udaba lolo abambalwa ababekwazi ukuvumelana ngalo.

“Nkosi,” bembuza Yena “imuphi umyalelo omkhulu kunawo wonke emthethweni na?”

Siyazi sonke ukuthi uJesu waphendula wathini: “Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyoyakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho.

“Yilowo umyalo wokuqala futhi omkhulu.

“Owesibili ofana nawo uthi, Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena.”

“Kuleyo miyalelo emibili kubambeleva wonke umthetho kanye nabaprofethi.”<sup>1</sup>

Buka ngokuqaphelisisa kulo musho wokucina: “Kuleyo miyalelo emibili kubambeleva *wonke* umthetho kanye nabaprofethi .”

Umsindisi akazange asibonise kuphela isigcibisholo, kepha uye wathola neso lenkunzi.

### Ukuhlaba Isigcibisholo

Njengamalungu eBandla, siyathembisa ukuba siyaku-thatha igama likaJesu Kristu kithina. Okuphakathi kwalomyalelo ukuzwisisa ukuthi sizozama ukuba sifunde ngoNkulunkulu, simthande, sikholwe kakhulu Kuyena, simhloniphe, sihambe ezinyathelweni Zakhe, futhi sibe ngofakazi Bakhe abaqotho ngaso sonke isikhathi.

Uma sifunda kabanzi ngoNkulunkulu futhi sizwa uthando Lwakhe, yima sibona ukuthi umnikelo kaJesu Kristu ongapheliyo uyisipho sikaNkulunkulu. Futhi uthando lukaNkulunkulu lusigqungquzelela ukuba sisebenzise indlela yokuguquka ngeqiniso, leyo ezosiholela ekuxolelweni okuyisimangaliso. Le ndlela isenza ukuba sibe nothando olukhulu kanye nozwelo kulabo abaseduze kanye nathi. Sizofunda ukungabuki ibala lomuntu. Sizonqoba isilingo sokukhomba noma sehlulele abanye ngezono zabo, ukuhluleka kwabo, ububi, ezepolitiki, ukubeka icala ngokwenkolo, izinhlanga, noma ibala lesikhumba.

Sizobona wonke umuntu esihlangabezana naye njengomtwana kaBaba wethu waseZulwini—umfowethu noma udadewethu.

Sizosiza abanye ngokuzwana kanye nangothando—ngisho nalabo okungalula ukuba sibathande. Sizozila kanye nalabo abazilile futhi siduduze labo abadinga induduzo.<sup>2</sup>

Sizobona ukuthi asikho isidingo sokuphikisana mayelana nokuthi yisiphi isigcibisholo sevangeli esiyiqiniso.

Imiyalelo emibili emikhulu iyisigcibisholo. “Kulemiyalelo emibili beka wonke umthetho kanye nabaprofethi.”<sup>3</sup> Ngesikhathi samukela lokhu, zonke ezinye izinto ezilungile zizakubakhona.

Uma ukuzimisela kwethu, imicabango, kanye nemizamo kubheke phakathi ekukhuliseni uthando lwethu kuNkulunkulu Usomandla kanye nokuvula izinhliziyi zethu kwabanye, sizokwazi ukuthi sisitholile isigcibisholo seqiniso futhi siqondise esweni lenkomo—sibe ngabafundi beqiniso bakaJesu Kristu.

### IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. uMatewu 22:36–40.
2. Bona uMosiya 18:9-9.
3. Bona uMatewu 16:24.

### IMFUNDISO EVELA KULOMLAYEZO

Ngaphandle kokuba wabelane ngalomyalezo, ungahlabelela “Our Savior’s Love” (*AmaHubo*, no. 113). Bese ucabange ukukhuthaza labo obavakashelayo ukuthi becabange “ngezigcibisholo” ezimpilweni zabo. Ungaxoxisana ngezindlela ezingaqinisekisa ukuthi imiyalelo emibili emikhulu—ukuba “uthande iNkosi uNkulunkulu wakho” futhi “uthande umakhelwane wakho njengoba uzithanda wena” (bona uMatewu 22:37, 39)—njalo zihola izenzo zabo. Ungahle futhi wabelane ngezindlela ezithize lapho wena wanikela ngempilo yakho kuMsimdisi futhi wabelane ngobufakazi bakho ukuthi kuyibusise kanjani impilo yakho.

## INTSHA

### Ukumoyizela Kungenza Umehluko

U Mongameli Uchtdorf ukhombisa izinjongo ezimbili ekumele sibe nazo ekwenzeni izinto zethu: thanda uNkulunkulu futhi uthande omunye umuntu. Kepha ngesinye isikhathi akulula ngaleyo ndlela ukuthanda omunye umuntu. Empilweni yakho yonke, kungaba khona izikhathi lapho kubanzima ukuthi uphilisane nabanye abantu—mhlawumbe omunye umuntu uye wakuphatha kabi noma uthola kunzima ukuxoxisana noma ukuzwana nomunye umuntu. Kulezi zikhathi, zama ukukhumbula uthando oke waluzwa kubangani, kumndeneni, kuBaba waseZulwini, kanye nakuJesu Kristu. Khumbula injabulo oyizwile kulezo zikhathi futhi uzame ukucabanga ukuthi uma wonke umuntu angathola lelo thuba lokuzwa uthando olunjalo. Khumbula ukuthi wonke umuntu uyindodakazi noma indodana kaNkulunkulu futhi ufanelwe ukuthola uthando Lwakhe kanye nolwakho.

Cabanga ngomuntu empilweni yakho oke wathola ubunzima kokuzwana naye. Bathandazele futhi ucele uBaba waseZulwini ukuba avule inhliziyi yakho kubona. Maduzane nje uzoqala ukubabona ngendlela ababona ngayo: njengabanye abantwana Bakhe abathandayo.

Emva kokuthandaza, benzele okuthize okuhle! Mhlawumbe ungabamema emhlanganweni wentsha noma nizikhiphe kanye nabangane. Zinikele ngokubasiza ngomsebenzi wasekhaya. Noma nje ungathi

“sawubona” bese umoyizela. Izinto ezincane zingenza umehluko omkhulu . . . ezimpilweni zenu zombili!

## IZINGANE

### Iso lenkunzi!

**U**Mongameli Uchtdorf uthi ivangeli lifana noku-zijwayeza isigcibisholo. Kumele sikhombe ngqo ezintweni ezibaluleke kakhulu. Imiyalelo ebaluleke kakhulu ukuthanda uNkulunkulu kanye nokuthanda abanye abantu. Uma sibheka ngqo kulezinto, singakwa-zi ukushaya ngqo esweni lenkunzi ngasosonke isikhathi.

Dweba isigcibisholo esikhulu kucwezu lwephepha . Cela umzali akufundele lokhu okulandelalyo. Uma into ebhalwe kuhlelo iyinto esiza ukuba sikwazi ukukhombisa uthando kuNkulunkulu kanye nakwabanye, unga-bhala noma udwebe phakathi kwesigcibisholo.

Abelana ngamathoyisi wakho

Ntshontsha uswidi

Iya esontweni

Biza umuntu othize ngegama elingalungile

Isho imithandazo yakho

Gona omunye umuntu

Xabana nozalwa nabo kwenu

© 2017 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Kushicilelwe e-USA Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zikhishwe: 6/16. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zihunyushwe: 6/16. Ukuhunyushwa ko *First Presidency Message, January 2017*. Zulu. 97921 783



# Injongo yeNhlango yokuSiza yabesiFazane

Ngomkhuleko funda lemibhalo ngenhloso yokufuna ukwazi ngalokho ongakhuluma ngakho.

Ukholo, Umndeni,  
Inkululeko

Injongo yeNhlango yokuSiza yabesiFazane uku “lungiselela abesifazane ukuba bathole izibusiso zempilo yangunaphakade,” kusho uLinda K. Burton, uMongameli Jikelele weNhlango yokuSiza yabesiFazane.<sup>1</sup> Ngokukholwa, umndeni, kanye nenkululeko sikwazi ukuzibandakanya “nengxenyethu ebalulekile emsebenzini.”<sup>2</sup>

“INhlango yokuSiza yabesiFazane “umsebenzi ophelayo futhi wongomoya ongcwele,” kusho uCarole M. Stephens, Umeluleki Wokuqala KubuMongameli Jikelele weNhlango yokuSiza yabesiFazane. “Yikona lokho abesifazane babekwenza ngezinsuku zikaMsindisi, futhi siqhubeka senza lokho”<sup>3</sup>

Njengoba sibuka owesifazane ongumsamathiya ngalapho kukhiwa amanzi, loyo awashiya phansi ikhamba lakhe wase egijima ayotshela abanye abantu ukuthi uJesus ungumprofethi (bona uJohane 4:6–42) noma uPhebe, owasebenze la ukusiza abantu empilweni yakhe yonke (bona AbaseRoma 16:1–2) sibona izibonelo zabesifazane ngezinsuku zikaMsindisi abathatha

ithuba lokuba noKristu. Uyena ovula indlela yethu eya empilweni yangunaphakade (bona uJohane 3:16

Njengoba sibuka kumavulandlela angodade eNauvoo, Illinois, ahlangana ekhaya lika Sarah Kimball ngomhlaka ka-1842 ukuze bakhe iqembu labo, sibona uhlelo lukaNkulunkulu lokuletha iNhlango yokuSiza yabesiFazane ukuba ihambisane ndawonye kanye nobuphristi. Emva kokuba u-Eliza R. Snow ebhale umthetho sisekelo, uMprofethi uJoseph Smith wawufunda. Wabona ukuthi iBandla alihlangene ngokupheleleyo ngaphambi kokuba abesifazane bahlangane. Wathi iNkosi Iwamkelile umnikelo wabo kepha kwakusekhona into engcono ebebengayenza. “Ngizohlango abesimame ngaphansi kobupristi emva kwephethini yobupristi.” wakhuluma<sup>4</sup>

“INhlango yokuSiza yabesiFazane yayingelona elinye iqembu labesifazane abahlangene beza- ma ukwenza okuhle emhlabeni. Yayihlukile. Kwakuyinto ‘engcono ngempela’ ngokuba yasungulwa ngaphansi komthetho wobuphristi

Inhlango yayo kwakwiyisinyathelo esasidingekile ukuze kwebule umsebenzi kaNkulunkulu lapha emhlabeni.”<sup>5</sup>

## Imibhalo eNgcwele kanye nolwazi olungeziwe

IMfundiso neziVumelwano  
25:2–3;10; 88:73;  
[reliefsociety.lds.org](http://reliefsociety.lds.org)

### IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. uLinda K. Burton, kuSarah Jane Weaver, “Relief Society Celebrates Birthday and More March 17,” *Izindaba zeBandla*, Mar. 13, 2015, [news.lds.org](http://news.lds.org)
2. uLinda K. Burton, kuWeaver, “Relief Society Celebrates Birthday.”
3. uCarole M. Stephens, e Weaver, “Relief Society Celebrates Birthday.”
4. Joseph Fielding Smith, e *Amadodakazi eMbusweni Wami: Umlando kanye noMsebenzi weNhlango Yabesimame Ekhululekile* (2011), 11–12
5. *Amadodakazi Embusweni Wami*, 16.

### Ake Ucabange Ngalokhu

Ingabe INhlango yokuSiza yabesiFazane ibasiza kanjani abesifazane bakwazi ukufeza injongo engcwele kaBaba oseZulwini futhi iba holele empilweni yangunaphakade?